**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50

    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20

    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-50
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**Uyokhipha amangwevu phesheya unjiniya osemncane wasemakhaya**

Unephupho lokuba unjiniyela ohlonishwayo kwelaseNingizimu Afrika nakwamanye amazwe, umfundi oqokwe ukuba ayomela elakuleli emqhudelwaneni wamazwe omhlaba, i- International Science Technology Engineering Competition, ozokuba se-Indonesia ngenyanga ezayo.

USiqiniseko Mpontshana oneminyaka engamashumi amabili waseNdumo kuMasipala Umkhanyakude, ofunda u-Grade 12 eMandla Mthethwa School of Excellence, uqokwe ohlelweni i-Eskom Expo for Young Scientists olukhuthaza ukuqhamuka namakhono nezinto ezintsha ezingalekelela umphakathi kanti umqhudelwano uzothatha izinsuku ezintathu phakathi kukaMeyi 2 no- 5 ku 2024.

Engxoxweni neSolezwe, lo mfundi oseke wadla umhlanganiso emiqhudelwaneni yakuleli ngombukiso wakhe wemoto azisungulele yona, uthe isifiso sakhe ukuba yi-Megatronic Electrical Engineer.

Uqale ukuba nombono wokwakha le moto esemncane kakhulu efunda amabanga aphansi eJozini Primary. Ngesikhathi ekhula, wenza nocwaningo, ubelokhu eqhubeka nokuthuthukisa umsebenzi wakhe okuthe ngo-2021 wathola indondo yethusi ezingeni lesifunda emqhudelwaneni we-Eskom Expo for Young Scientists.

Uthe uphinde wawungenela ngonyaka olandelayo esethe ukuthuthukisa umsebenzi wakhe, wahlomula ngendondo yegolide, okumvulele amasango njengoba eqokwe ukuthi abe yingxenye yososayensi abahambele i- International Science Fair eGoli nyakenye.

USiqiniseko, ongumagcino kwabo ezinganeni eziyisikhombisa, uthe umbono wokwakha imoto esebenza ngogesi edonsa inqola ngaphandle kokuthi ixhunywe kuyo umfikele ngoba abantu abaningi abakwazi ukushayela izimoto ezidonsa izinqola.

Amanani ka-phethroli ayanyuka, ngakho uhlobo lwemoto enje lungaba yisisombululo. Uphinde wabona indlela izingozi ezanda ngayo emigwaqweni okudalwa ubudedengu babashayeli wabona ukuthi uma kungasungulwa imoto ekwazi ukuthi izishayele zingancipha.

Okunye akufakile, umayibuthe ovimba ukuthi imoto ingasondeli kakhulu kwenye athi kungehlisa ukushayisana kwezimoto kanti imoto yakhe iyashajwa isikhathi esingangemizuzu eyishumi kuphela.

Yize kumthokozisa ukuthola isimemo, kodwa uthe leli thuba eliyingqayizivele lingamphunyuka ngenxa yesimo somnotho njengoba bengabantu abadla imbuya

ngothi kwabo. Akukho noyedwa umuntu osebenzayo, nokwenza isimo sibe nzinyana.

Ngokwencwadi eshicilelwe abenkampani, i-Eskom izokhokha izindleko zika-R45 000 okubalwa kuzona ukukhokhela uhambo, indawo yokulala nokudla bese kuthi oqokiwe ahlangabeze ngo-R6000 kuphela.

Unina uNkk Ntombiziphi Mpontshana uthe ngesikhathi bethola ukuthi indodana yabo ithole ithuba lokuyokhangisa umsebenzi wayo phesheya iqhudelana nezincitha-buchopho zakwamanye amazwe, kube yizindaba ezibajabulisa kakhuku ekhaya.

Uvele ungumuntu ozimiselayo uma enza okuthile. Ukhule ewumuntu othandayo ukusebenza ngokuzimisela futhi ethanda izinto ezithinta ubuchwepheshe. Nokho sisadidekile ukuthi sizokwenzenjani ngezindleko zohambo njengoba kukhona imali okudingeka ukuthi ayikhokhe kuqala eyi- R6000 ukuhlangabezana ne-Eskom, ezokhokhela uhambo, ukudla nendawo yokulala,

Uthe njengoba lesi simemo bebengasilindele, okwamanje ubamba uyayeka, ngakho ufisa noma ngubani ongalekelela ekufezweni kwephupho lendodana yakhe. Uthe lokho bangakuthokozela kakhulu kwazise bawumndeni ompofu. Usomabhizinisi wakule ndawo uzibophezele ngokuxhasa umndeni wakwaMpontshane, uthe kuzomjabulisa ukubuyisela emphakathini nokunikela ngazo izinkulungwane eziyisithupha ukuze umfana aqhubekele phambili.

Yize engabanga nenhlanhla yokuphothula ibanga leshumi nambili, kepha kumjabulisa kakhulu ukwanda kwezifundiswa emphakathini wakubo ngoba lokho kusho intuthuko.

[icashunwe ephepheni lesolezwe yahunyuswa]

1.1.1. Unaphupho lini lo mfundi ekukhulunywa ngaye? (1)

1.1.2. Khetha impendulo efanele kozinikiwe echaza **ukuqokwa**. (1)

A. Ukuphiwa
B. Ukuhlulwa
C. Ukukhethwa
D. Ukunconywa

1.1.3. Bhala umkhakha agxile kuwo lo mfundi. (2)

1.1.4. Ubizwa ngani umqhudelwano wamazwe azowungenela uSiqinisekiso? (2)

1.1.5. Tomula umusho ophelele ositshela ukuthi lo mfundi wadla umhlanganiso emqhudelwaneni othile. (2)

1.1.6. Chaza kafushane ngokwenzeka kulo mfundi emabangeni aphansi. (2)

1.1.7. Bhala amagama ezikole ezimbili ezivezwe kule ndaba. (2)

1.1.8. Shono izizathu EZIMBIMBILI ezenza lo mfundi asungule le moto. (2)

1.1.9. Chaza Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba sisetshenziswe endabeni. (2)

Leli thuba eliyingqayizivele lingamuphunyuka ngenxa yesimo somnotho njengoba bengabantu **abadla imbuya ngothi** kwabo.

1.1.10. Yini efiswa uNkk Ntombizithini Mpontshana? (2)

1.1.11. Uyavumelana nezenzo sabanye osomabhizinisi sokubuyisela emphakathini abasebenzela kuyo? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.12. Phawula ngesenzo senhlangano u-Eskom sokuxhasa abafundi abasemkhakheni wesayensi. (2)

1.1.13. Ngokucabanga kwakho uHulumeni waseNingizimu Afrika angabasiza kanjani abafundi abanjengoSiqiniseko? (2)

**IMIBUZO**

1.2. Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

**ISITHOMBE A**



**ISITHOMBE B**



1.2.1. Shono umehluko owubona phakathi kwesithombe A nesithombe B. (2)

1.2.2. Ibuphi ubungozi obungehlela unjiniyela osesithombeni B? (2)

1.2.3. Kungenzekani uma isakhiwo esisesithombeni A singakhekanga ngendlela? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU : [30]**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

Fundisisa (UMBHALO C) ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngokungenziwa ukuvikela intsha ezidakamizweni.

**IMIYALELO**

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.

2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.

3. Bhala iphuzu elilodwa emushweni ngamunye.

4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C (OFUNDWAYO)**

**OKUNGENZIWA UKUVIKELA INTSHA EZIDAKAMIZWENI**

Sekujwayelekile ukuzwa ngezidakamizwa ezisetshenziswa yintsha. Kuvame ukuba inkinga uma lo mkhuba unganqandwa kusenesikhathi. Kufanele kuqale kubazali ukunqanda lesi sihlava. Abazali uma benika izingane imali kumele bazi ukuthi ziyisebenzisa kanjani ukuze zingagcini sezithenga izidakamizwa.

Izingane ezisebenzisa izidakamizwa azigcini ngokuzisebenzisa ngaphandle, kuba khona nezithile ababuya nazo bazifihle emakhaya. Abazali mabahlole konke okusegunjini lengane ikakhulukazi izindawo ezicashile. Ukutholakala kwezikhwanyana ezincane zocwazi, nomentshisi kuyinkomba yokusetshenziswa kwezidakamizwa.

Abazali mabazijwayeze ukukhuthuza isikhwama sezincwadi sengane ukuze basheshe bathole uma sekunenkinga. Izikhwama zezincwadi ezihlale ziphathwa yizingane ngisho nangezimpelasonto ziba nokusolisa okukhulu. Zivamise ukuba nomkhuba Phakathi. Izingane ziyaye zishwatheke izidakamizwa eziyingozi kuzo.

Ingane esisebenzisa izidakamizwa ibonakala ngokuba noshintsho olunjengokwehla kwendlela esebenza ngayo esikoleni. Iyaphutha esikoleni ngenkathi iyosebenzisa izidakamizwa. Umzali kubalulekile ukuba axhumane nothisha ukuze baxoxisane ngomsebenzi okuzolekelela ukuba kusheshe kubonakale uma kungasahambi kahle.

Ingane kumele ingavunyelwa ukubuya sekuhlwile. Ingane engabekelwa isikhathi sokubuya iyaye izenzele umathanda. Ngenkathi iyaluza emgwaqeni kunokwenzeka ukuthi isingena kuzo izidakamizwa. Izingane zivamisa ukududana zenze okufanayo njengokubhema.

Ukuncipha emzimbeni, amehlo ayashintsha umbala abe bomvu, idla kancane kakhulu noma idle ngokweqile. Abazali kumele baqaphele izimpawu emzimbeni kanye nezenzo ezithile esezishintsha enganeni.

Kunemizi eba nezimpahla ezingasetshenziswa njalo namathuluzi emabhokisini. Hlala ubheka ukuthi izimpahla ezigcinwa emabhokisini zisekhona yini. Ingane esibhema izidakamizwa iyaziqaphela izimpahla ngokuzintshontsha, kuqambe bethi phapha azisekho sekusele amabhokisi, isizithengisile ukuze iyothenga izidakamizwa.

[icashunwe ephephandabeni isolezwe]

**[AMAMAKI:10]**

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**


**UMBUZO 3**

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

**KHILESI BLOOD DONATION**

***IGAZI LINGUKUPHILA***




*I-Hillcrest High School ibambisene neKhilesi blood donation basemkhankasweni wokukhuthaza abafundi nothisha ukuba banikele ngegazi. Kulo mkhankaso umfundi angaba sethubeni lokuwinela isikole sakhe imali elinganiselwa ku-R25 000. Siyacela nihlanganyele nathi ukusindisa izimpilo zabantu.*

**XHUMANA NATHI**

- 031 781 2332
- khileblood@hhs.co.za
- f@khileblood_03

[Imibandela: abavumelekile abanesisindo esingaphansi kuka-50]

3.1. Yini igama lenhlangano ekhangiswayo? (1)

3.2. Khetha impendulo efanele kwezilandelayo. (1)

Ukubambisana igama elichaza:

A. Ukusizana
B. Ukuxoxa
C. Ukusebenza
D. ukuxhumana

3.3. Shono umhlomulo ongatholwa abafundi abazobamba iqhaza. (2)

3.4. Tomula ulimi oluncengayo olutholakala esikhangisweni. (2)

3.5. Shono ocabanga ukuthi kungenzeka kumuntu onesisindo esingaphansi kuka-50 uma enganikela ngegazi. (2)

3.6. Guqula umusho ongezansi ukhombe ukuvuma.


Abavumelekile abanesisindo esingaphansi kuka-50. (2)

**[Amamaki:10]**

**UMBUZO 4**

Bukiaisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




4.1. Bhala izithembiso ezimbili ezishiwo usopolitiki. (1)

4.2. Bhala OKUKODWA okukhombisa ukuthi abalalele abaneme. (1)

4.3. Bangaki abantu abavele kulesi sithombe? Bhala ngesiZulu. (2)

4.3. Tomula umusho onolimi oluncengayo kule khathuni engenhla. (2)

4.4. Bhala isifinyezo segama elitholakala ngezansi.

Mnumzane (2)

4.6. Uthini umbono wakho ngosopolitiki bakuleli? ******* (2)

**[amamaki:10]**

**UMBUZO 5**

5.1. Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

**Uhulumeni awuqinise umthetho upheze ukubika imbiba nebuzi ngezipaza**

Izipaza zichume ngemuva kokuba kungene uhulumeni wentando yabantu ngo-1994. Bezaziwa ngokuba wusizo kakhulu emiphakathini yasemalokishini nasezindaweni ezisemakhaya zisaphethwe abakuleli. Bezenza impilo ibe lula kubantu abasindwa wukufinyelela emadolobheni. AbaseSomalia nabo bafike bazenzela amathuba emisebenzi ngokuvula izitodlwana. Baphumelela kulokhu njengoba babesebenzisa uhlelo lokuba lokuthenga ngokuhlanganyela okwakubenza bathole izephulelo bese bethola inzuzo eningi. Muva nje, izipaza zabo zisematheni ngokudayisa izinto eziyingozi empilweni yabantu nosekudale ukubukwa kabi kwabanikazi bazo. EGauteng kubikwe ngezigameko eziningi zokufa kwezingane kusolwa ukuthi zijuqwa woncamnce ezibathenge ezipaza. Kuthiwa eminye yemikhiqizo ethengiswa ezipaza ingombombayi. Kuthiwa abezipaza abadabuka kwamanye amazwe banamafemu abo okukhiqiza izinto ezingombombayi. Inkinga wukuthi uma ukhomba ukungcola kwabamanye amazwe uyakluluzwa kuthiwe ugqugquzela inzondo. Lokhu kuyiphutha. Uma umuntu ephawula ngokuphulwa komthetho kumele alalelwa bese abagcini bomthetho beyasukuma baqiniseke ukusebenza kwawo ngendlela. Abubekwe eceleni ubuzwe kuliwe nokuphulwa komthetho.

5.1.1. Shono uhlobo lwamabizo atholakala ngezansi.

(i) Izipaza (1)

(ii) Impilo (1)

5.1.2. Hlobo luni lwezandiso ezingezansi?

(i) Kakhulu (1)

(ii) Emiphakathini (1)

5.1.3. Guqula igama elibhalwe ngokunzima libe impambosi yokwenziwa.

Izipaza **zidayisa** izinto eziyingozi. (2)

5.1.4. Hlanganisa Imisho elandelayo ngesihlanganiso esifanele ukuze kube umusho ombaxa ofundekayo.

Izipaza zenza impilo ibe lula. Abantu bathenga eduze. (2)

5.1.5. Guqula ibizo elibhalwe ngokunzima emishweni olandelayo libe sebunyeni bese ulisebenzisa emishweni ozakhele wona.

AbaseSomalia nabo bafike bazenzela **amathuba** emisebenzi ngezipaza. (2)

5.1.6. Bhala umusho olandelayo ukhombe ukulandula.

AbaseSomalia baphumelela ngezipaza. (2)

5.1.7 Gcwalisa imisho engezansi ngezivumelwano ezifanele ukuze izwakale kahle.

(i) Izingane -guliswa oncamnce basezipaza. (1)

(ii) Abokufika -phula umthetho wezwe. (1)

5.2.




5.1.8. Nciphisa igama eligqamile ngezansi ulisebenzisa emishweni wakho.

UJohn uthanda ukwenza **ibhizinisi.** (2)

5.1.9. Shono uhlobo lwezichasiso ezibhalwe ngokugqamile ezitholakala emishweni engezansi.

(i) Abantu benza umsebenzi **omkhulu**. (1)

(ii) Kuyicala **elibovu** ukuzibukela phansi. (1)

5.1.10. Guqula umusho ongezansi ube senkathini edlule.

UJohn noSipho bayazwana. (2)

**[AMAMAKI: 20]** **(20)**